# *Kholwa Kusuka Enhliziyweni*

1 [UMfowethu Branham ufunda uJakobe 5:12 njengoba kuqala iteyipu—Umhl.]

. . . *noma esinye isifungo: kodwa uyebo wenu makabe nguyebo; noqhabo* abe *uqhabo; ukuze ningaweli ekwahlulelweni.*

*Kukhona ohluphekayo phakathi kwenu na? makakhuleke. Kukhona owenamileyo na? makahube.*

*Kukhona ogulayo phakathi kwenu na? makabize amalunga ebandla; amkhulekele, amgcobe ngamafutha egameni leNkosi:*

*Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, iNkosi imvuse; noma enzile izono, uzakuthethelelwa zona.*

*Vumani izono omunye komunye,* u*khulekelane, ukuba* ni*phulukiswe.* Ngokuba *umkhuleko oqinileyo wolungileyo unamandla kakhulu.*

U-Eliya *wayengumuntu efana nathi, wakhuleka nokukhuleka ukuba lingani: alinanga emhlabeni* okwe*minyaka emithathu nezinyanga eziyisithupha.*

*Wabuye wakhuleka,* amazulu *lana imvula, nomhlaba wathela izithelo zawo.*

*Bazalwane bami, uma omunye kini eduka eqinisweni, omunye* uyambuyisa*;*

*Akazi, ukuthi obuyisile isoni ekudukeni kwendlela* yaso *uyakusindisa umphefumulo wakhe ekufeni, asibekele* isono *eziningi.*

2 Esahlukweni sokugcina seNcwadi kaMarku. Isahluko se 16, nevesi lokugcina lesahluko se16 sikaMarku oNgcwele, sifunda lamaZwi.

Emuva*, wabonakala kwabayishumi nanye behlezi ekudleni, wabasola ngokungakholwa kwabo nangobulukhuni benhliziyo yabo, ngokuba bengakholwanga* . . . lowo ombonileyo esevukile ekufeni.

*Wayesethi kubo, Hambani niye ezweni lonke, nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo.*

*Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa; kepha ongakholwayo uyakulahlwa.*

*Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; Ngegama lami* bayaku*khipha amademoni; bashumayele ngezilimi ezintsha;*

*Bayakuphatha izinyoka; futhi uma bephuza okuthile okubulalayo, ngeke kubalimaze; bayakubeka izandla kwabagulayo, basinde.*

3 "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo." Manje, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu emkhulekweni, makuthi thina sonke, ndawonye, ngendlela engeyethu, wonke umuntu ngendlela yakhe, asikhuleke umkhuleko wokukholwa walababantu abagulayo kulokhukusa. Bese kuthi-ke ngifuna ukubabeka izandla, kanye namalungu. Khona-ke sesenze khona impela iZwi likaNkulunkulu elakusho. Isizathu, yilapho engiya khona ngqo, eMlayezweni wami.

Manje asikhuleke.

4 Baba wethu waseZulwini, njengoba siletha kuWe leliculo, ihubo lika *Kholwa Kuphela*, kungukuveza kuWe umuzwa wethu ngaseZwini laKho. Futhi njengoba abagulayo begcotshiwe ngokweZwi laKho, futhi manje sizokhuleka lomkhuleko wokukholwa, ngokwedlula konke kokwazi kwethu, ukulalela imiyalo yaKho. Futhi siyabona, ngisho nasebuthakathakeni bethu, Wena unamandla ngokwedlulele okunqoba ubuthakathaka bethu ngaMandla nokulunga kwaKho. Bese kuthi-ke sizokwehlisa amalunga, ukubeka izandla phezu kwabagulayo, sigcwalisa konke ukuthunywa esikwaziyo esikunikiwe yiNkosi yethu.

5 Futhi siyakhuleka, Nkosi, ukuthi sithole umusa emehlweni aKho, emva kwayo yonke leminyaka, sisazama ukulalela umyalo waKho. Futhi manje ngiyakhuleka, naleliqembu elincane kulokhukusa, njengalokhu Usithumile, ngokuba baswele, lababantu okhona lapha ukuba bakhulekelwe. Futhi sinikela lomkhuleko ngamunye wabo. Wena uyazazi izinhliziyo zabo futhi Wena uyazazi izifiso zabo.

6 Futhi ngikhuleka lomkhuleko wokukholwa, kanye nalelibandla, ukuthi Yena uzobonakalisa kubo sonke isifiso abanaso. Kwangathi kungaba ngokoqobo manje nje. Futhi kwangathi, njengoba beshiya lelibandla, namuhla, kwangathi bangahamba njengo-Abrahama wasendulo, ebiza lezo zimpawu njengokungathi zazingekho lapho, futhi ephika noma yini eyophambana nesibusiso esisicelile. Wena wethembisile eZwini laKho ukuthi kuyofezeka, futhi siyakukholwa.

7 Manje, ngalamadoda Owakhethile futhi wawabiza ukuba abe ngabefundisi namalunga, sizobeka izandla phezu kwabo njengoba besinjalo . . . njengokungathi siyababhaphathiza. Futhi bagcotshiwe. Umkhuleko wokukholwa unikeliwe, nezandla zibekwe phezu kwabo. Sikhulekela ukuthi ukukholwa kwabo manje kuzobheka kuWe, O Nkulunkulu Somandla, futhi basinde. EGameni likaJesu siyakhuleka.

8 Manje, ngicela amalunga, ehle khona lapha ngomugqa, njengoba sibeka izandla kubo. Futhi njengoba ngamunye ebeka

isandla sakho ku...[Akuqoshwanga eteyipini. UMfowethu Branham nabefundisi bakhulekela abagulayo—Umhl.]

9 Nizonginaka ngokuphelele, imizuzwana nje embalwa, uma nithanda. Ngizama ukungathathi isikhathi esiningi kakhulu, njengoba ngibeka iwashi lami lapha, ukuze ngiqiniseke.

10 Futhi, Mfowethu Beeler, ngicabanga ukuthi usekuqopheni, ngakokunye ukugcina. Futhi uLeo noGene abekho lapha. Ngakho ngifuna wena ukuba, uma uthanda, ekuqopheni lobu bufakazi engizobunikeza emizuzwini embalwa, ukuba buthunyelwe kuMfowethu Boze, akucoshe lokhu.

11 Ngifisa ukufunda, kulokhukusa, e—eNcwadini kaMarku oNgcwele, isahluko se 12. Sifuna ukuthatha ingxenye yaleli futhi siLifunde, futhi ngoba LiyiZwi likaNkulunkulu elingcwele, elimsulwa. Futhi siyakholwa ukuthi uNkulunkulu useZwini laKhe. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Futhi sikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzonezela izibusiso zaKhe kuLo, njengoba siLifunda, futhi ngineqiniso ukuthi Uzokwenza.

12 Bese kuthi-ke ngifuna ukuthatha enye ingxenye yeZwi laKhe, eZenzweni, isahluko 1. Futhi sizakufunda kusukela lapho. Futhi ngicela iNkosi uma Izonezela izibusiso zaYo e—ekufundweni kweZwi laYo.

13 Bengibheka nje lapha. Benginomaka lapha kwelami—kwelami iBhayibheli, ebengifuna ukufunda kulo, kuqala, kodwa angicabangi ukuthi ngingakuthola ngesikhathi nje. Ngixoleleni umzuzwana nje, ngize ngikuthole, uma ngingakwazi. Bengicabanga ukuthi benginakho.

> ...UJesu wathi *kubo, Kholwani nguNkulunkulu.*
>
> *Ngiqinisile ngithi kini,* Uma u*yakuthi kule ntaba,* Nqukuleka...; u*ngangabazi enhliziyweni* yakho, *kepha...ukholwa ukuthi lokho* okushoyo kuzo*kwenzeka;* u*zakuba nakho* okushoyo.

14 Manje, ngaleya eZenzweni, i—isahluko 1 nevesi le 8.

> *Kodwa nizakwamukeliswa amandla, uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu: nibe ngofakazi bami eJerusalema, nase...iJudiya lonke, naseSamariya, kuze kube* semikhawulweni *yomhlaba.*

15 Ngithanda ukuninakisa iZwi leNkosi, kulokhukusa, isikhashana nje. Futhi ngifuna nikunakisise kakhulu. Lalelisisani. Inani laleliZwi!

16 Emva kweminyaka engamashumi amabili nanhlanu yenkonzo yeNkosi, emsebenzini waYo naseZwini laYo; futhi emva kwalokhu kuyi, ngiza onyakeni wami weshumi nambili wokuvangela emhlabeni jikelele; futhi ngomusa kaNkulunkulu, ukuhlangana namashumi ezinkulungwane za—zabantu; futhi sibona iNkosi yethu emikhankasweni yethu uqobo, inqoba,

manje njengoba ngibonile, kuYo, o, ngqo kubantu abayizigidi ezimbili, noma isigidi samakhulu amahlanu ezinkulungwane, ndawondawo phakathi lapho, emihlanganweni. Ngifinyelele kulesi siphetho, nangayo yonke imizamo yethu, kanjalonjalo. Akwenzeki ukuthi uNkulunkulu enzele noma yini abantu baze abantu baqale bazinze ukuthi ngabe kuliQiniso noma qha. Awukwazi nje. Akunandaba . . .

17 Ngibone imisebenzi ubuciko bophisi obukhulu beNkosi yethu, e—eZwini, obengachaza iZwi kangcono kunanoma ngubani engake ngambona, kodwa nokho awukwazanga ukubhekisisa uhlelo.

18 Futhi nginakho engqondweni yami, kulokhukusa, indoda ethile engicabanga ukuthi inolunye lwezinhlelo zomsakazo ezizedlula zonke emoyeni. Kodwa kukhona, ngandlela thize, indoda ayikwazi ukwenzisisa uhlelo lwayo. Lowo nguDkt. Wyatt, uthisha wangempela. Kodwa kukhona okungalungile; Angazi ukuthi kukuphi. Unombono, unomqondo, unekhono, kodwa nje akakwazi ukwenza uhlelo luhambe, ngandlela thize. Uhlelo analo luseZwini ngqo, futhi lufanele luguqise izwe.

19 Futhi ngibonile lapha, esikhathini esingeside esedlule, eLouisville, ngenkathi ngibona uDkt. Mordecai Ham nezazi zezenkolo eziningi ezinkulu engizaziyo, ongumshumayeli ongcono kakhulu kunomncane onamashumi amathathu nesishiyagalombili noma amashumi amane ubudala, umvangeli onekhanda elibomvu owaphumela emsamo, wadlula lawomadoda, futhi ahlala esihlalweni esingemuva. Futhi wama lapho ngalobobusuku, kwakungesuye oyedwa eshumini noma oyedwa ekhulwini umshumayeli amadoda ayehlezi emva kwakhe, nakuba wayenohlelo lukaNkulunkulu futhi waludlulisa: uBilly Graham.

20 Ngiziqaphelile lezo zinto. Futhi ekuziqapheleni, ngase-ke ngifika kulesi siphetho. Akunandaba ukuthi uyini, uNkulunkulu uzofanele ahlinzeke izethameli. Futhi akunandaba noma bengingama lapha kulokhukusa futhi ngiphilise abafileyo, futhi ngilethe abakhubazekile esimweni sabo esijwayelekile, futhi, nokho, uNkulunkulu akekho ohlelweni, bekungeye ndawo. UNkulunkulu kufanele abe sohlelweni.

21 Futhi noma yimuphi umuntu, waziwa, isimilo sakhe saziwa ngemisebenzi yakhe. Akunandaba ukuthi ungubani, imisebenzi yakhe ifakazela isimilo sakhe. Uma uthatha umuntu, kungakhathaleki ukuthi uzama ukuba muhle kangakanani, uma imisebenzi yakhe imibi, konke ukulunga kwakhe ngeke kube yilutho. Nezwi lomuntu liyisici sakhe. Umuntu ukuthi izwi lakhe alilungile, khona-ke awusoze waba nokwethembela kulowo muntu, ngoba izwi lakhe alilungile.

22 Ngakho, ngakho-ke, uNkulunkulu, uBaba wethu, isimilo saKhe nemisebenzi yaKhe kuyafakazela lokho Ayikho. Manje,

siyazi ukuthi lo mhlaba uza lapha ngoMdali othile omkhulu. Kwakungeke nje kwenzeke kube yikho.

23 Manje, ngifuna lokhu imizuzwana embalwa ukuba kube lula ngangokunokwenzeka. Kodwa ngifuna nikuthole, ekukhulekeleni ukuthi uMoya oNgcwele uzokuhambisa ngqo ekukhanyeni okungokwakhona.

24 Manje, uma ungabuka nje futhi ubone izihlahla zikhula; namagatsha namaqabunga, ukuthi zifika futhi zihambe kanjani, nezimbali; intwasahlobo, ikwindla, ubusika, ihlobo. Kukhona okumele kube ngemuva kwalokho. Ngeke kube khona isihlahla ngaphandle uma kungaba khona ubuhlakani bokusenza isihlahla. Akunandaba ukuthi hlobo luni lwempilo engaba kuso, kufanele kube khona, emva kwalokho, ubuhlakani bokwenza kube yilokho okuyikhona.

25 Manje cabanga lokho, ngokuqondile manje. Ungakuvumeli ukuthi kukweqe. Cabanga ngakho, ujule. Ngokuba, uma uqaphela isifundo sethu somBhalo, uJesu wathi, "Uma uzosho enhliziyweni yakho!"

26 Hhayi ekuhlakanipheni kwakho; akusoze kwasebenza lapho. Akunandaba ukuthi uzama kangakanani ukukwenza kusebenze, ngeke kusebenze, ngoba kungokokuhlakanipha futhi kunesiphelo.

27 Kodwa uma noma yini iyiPhakade, ayinasiphelo, futhi yayingenasiqalo. Noma yini enesiphelo, isiqalo, inesiphetho. Kodwa nje yilezozinto engenaso isiqalo. Futhi uNkulunkulu kuphela ongenasiqalo noma ongenasiphelo. Futhi, manje-ke, ukuba nalezizinto ezinesiqalo, kwakufanele kube khona into ethile engenasiqalo, ukuqala isiqalo.

28 Isihlahla sokuqala esake senziwa, ukuthi, njengaleso uJesu asiqalekisa lapha, wathi, "Akungabe kusavela sithelo kuwe kusukela manje, akungadli muntu kuwe," kwakudingeka kube khona, ndawo ndawo, ukuthi isihlahla kwakudingeka sibe nesiqalo. Futhi saba nesiphetho; lapho amagama, ukuthi kusukela ezindebeni zaLowo Owalinika ekuqaleni, waliyisa ekupheleni. Ngakho-ke, niyabona ukuthi amaZwi aKhe aPhakade kanjani.

29 Kodwa sisanda kwemukela iZwi phezu kwezisekelo zobuhlakani. Futhi sibone ukwehluleka okuningi kakhulu, kwaze kwaletha abantu endaweni ukuthi abazi nhlobo ukuthi bakholwe yini. Baneziphetho eziningi ezixegayo enkolweni yabo—yabo. Bagijima ngamagatsha nga*le*ndlela, namagatsha nga*leyo*ndlela, okufika ekugcineni, nakhu zibuya zikhasa emuva. Ukunyakaza okukhulu kuyaqala futhi baphume njengamaMethodisti, amaBaptisti, namaPentecostal, nakho konke lokhu. Futhi, into yokuqala niyazi, bathola umcabango omncane wengqondo, futhi bagijimela egatsheni futhi

banesikhathi esikhulu. Kodwa, into yokuqala niyazi, bazithola sebesekupheleni.

30 Kodwa okuwukuphela kwezinto ezihlala isikhathi eside, yizinto zaPhakade, nezinto zaPhakade zinguNkulunkulu.

31 Manje, uma niqaphela, umuntu owaziwa ngesimilo sakhe—sakhe waziwa ngemisebenzi yakhe. Uma besiyocabanga ngendlela uNkulunkulu asibonisa ngayo isimilo saKhe ngemisebenzi yaKhe. Unesimilo saKhe uQobo, futhi Wenza imisebenzi yaKhe. Futhi uma ubheka imisebenzi yaKhe, ukuthi mikhulu kangakanani!

32 Manje ake ngiphonse inselele kubo bonke ososayensi emhlabeni ukuthi bangakhele isihlahla esisodwa. Ake ngiphonsele inselele wonke usosayensi emhlabeni ukuthi angenzele ihlumela elilodwa elincane, elilula lotshani. Futhi akunakwenzeka nhlobo.

33 Awu, kubonakala sengathi, manje-ke, ekucabangeni lezozinto, ukuthi kungaba khona ukubekwa, ngokufunda iZwi, ukukholwa okungadlula imicabango yengqondo, kungene enhliziyweni. UJesu wathi, "Uma usho enhliziyweni yakho!"

34 Manje, sonke siyakhungatheka emiqondweni yethu, futhi siyaphuma futhi sithi, "O, ngikubonile *lokho* kwenziwa. Yebo. Ngi . . . " Futhi kanye ngankathi, kuvele kugxuma gxume, kweqe, nokunye-nokunye, kodwa kubonakala sengathi akukwazi nje ukuhamba kahle. Yingenxa yokuthi sizama ukuxubanisa ubuhlakani nokungaphezu kwemvelo. Akunakusebenzelana okunye nokunye, nhlobo. Ubuhlakani buyosho into eyodwa, futhi okungaphezu kwemvelo kusho enye.

35 Futhi noma yimuphi umuntu oke waholwa nguMoya kaNkulunkulu akathathi mcabango wanoma yibuphi ubuhlakani, kodwa uholwa enhliziyweni yakhe nguMoya kaNkulunkulu. Akaqondwa ngokuyikho. Abantu bathi, "O, kungaba kanjani na?"

36 Njengamanje ngithola izincwadi nezingcingo, "Uqonde ukuthi, Mfowethu Branham, ukuthi ubungeke uye phesheya kwezilwandle na? Ngemuva kwakho konke lokhu okukhulu . . . "

37 Kodwa, kubukeka kumangalisa, kodwa Into ethize le ezansi ngaphakathi, yathi, "Qaphela."

38 Futhi, ngakho-ke, asibheki esikubonayo. Sibheka lezozinto esingaziboni, kodwa, lokho uNkulunkulu akushoyo enhliziyweni. Futhi uma besinganaka lezozinto, kangakanani-ke ngokuphilisa ngokukaNkulunkulu. Uma uNkulunkulu enza isithembiso, futhi sigxilisa okwehange enhliziyweni, awu, yikuphi okuhle esisakudingela ubuhlakani na? Angibheki ukuhlupheka kwami. Angizibheki izimpawu zami. Ngibheka lokho uNkulunkulu akusho ngakho. Ngoba, empeleni,

UnguBasi, noBasi ophakeme. Uma udokotela eshilo *ukuthi-nokuthi*. . .

39 Manje, uma uzama ukukukhohlisa lokho, ngeke kusebenze. Uma uzama ukuzindla ngakho engqondweni yakho, uthi, "Yebo, iZwi likaNkulunkulu liqinisile. Ngiyakukholwa lokho. Ngikholwa ukuthi kuzofezeka. Ngicabanga *lokho*." Manje, uma lokho kungobuhlakani, usungavele uyeke ukukucabanga.

40 Kuze kwehle okuthize kwingaphakathi lakho, okusho nje ukuthi kunjalo, futhi yilokho kuphela okukukho. Awekho amademoni anele aphuma ekuhlushweni angake akunyakazise kuphume kuwe. YiNto ethize ngaphakathi, ebizwa ngokuthi "inhliziyo." Yilapho ukukholwa kwangempela kuthola khona indawo yakho yokuphumula.

41 Ukuhlakanipha kuzozama ukuzindla ngakho. "Manje ake nje sibenengqondo." Kodwa ukukholwa akunazizindlo. Kunento eyodwa nje, futhi, lokho ngukuthi, iZwi likaNkulunkulu liqinisile. O, nakho lapho umphefumulo ubeka khona izinyawo zawo, futhi uphumule Phakade khona lapho, ngokuba uNkulunkulu washo njalo. Hhayi ukukhohlisa, kodwa ukukwazi.

42 Futhi umhlaba, ungumsebenzi kaNkulunkulu, ukhuluma ngokuphelele futhi ufakaze ngobuYena. Kufanele kube khona uNkulunkulu, kungenjalo ubungeke ube khona umhlaba. Kufanele kube khona uMdali, kungenjalo bekungeke kube khona indalo. Futhi uma leliZwi, Adala ngalo umhlaba, linikeza isithembiso, lifanele lidale khona impela lokhu okwadalwa yilomhlaba, ngeZwi laKhe, ekuqaleni.

43 Ngenkathi uNkulunkulu ethi, "Makube khona," futhi kwakungahle ukuthi kuthathe iminyaka eyizigidi eziyizinkulungwane eziyishumi. Angazi ukuthi kuthathe isikhathi eside kangakanani. Kodwa ukuthi kwathatha isikhathi esingakanani, lokho kwakungasho lutho, ngoba uNkulunkulu uPhakade. Futhi Wathi, "Makube khona," futhi kwaqala ukukhula, ngokuba uNkulunkulu wathatha iZwi laKhe uQobo futhi wakholwa.

44 Futhi uma iZwi laKhe lendalo yaKhe, umsebenzi waKhe lapha, ufakaza ukuthi unguMdali, pho kungani singenakulithatha iZwi laKhe kulokho Elikushoyo futhi siLikholwe na? Ngoba, LiyiZwi loMdali elifanayo. Manje, imisebenzi yaKhe iyafakaza.

45 Futhi, manje, ngaphambi kokuba uNkulunkulu, Ongenaphutha, akhulume noma yini, kufanele kuphelele. Ngoba, kungakwazi kuphela—kungakwazi kuphela . . . Uma kuvela kuNkulunkulu, kuvela emgudwini ophelele.

46 Manje qaphelani lokhu. Bonke abantu, konke, abantu baziwa ngemisebenzi yabo.

47 Ngenkathi kwakhiwa ibhuloho likaMasipala elikhulu eSydney, e-Australia, lapho bathumela khona emhlabeni wonke ukuthi bathole abakhi bamabhuloho, abadwebi bezakhiwo, kanye nakulokho ngaphesheya kwenhlonhlo e—Sydney, e-Australia, ukuze lidlulele eSouth Sydney, abadwebi bezakhiwo nabo bonke beza, base bemba umhlabathi base bewuhlola. Futhi bonke bafinyelela kulesi siphetho, "Akunakwenziwa." Bathi, "Itheku lonke ligcwele isihlabathi esibihlikayo. Futhi inhlabathi ngeke ibambe ndawonye ngokwanele. Lizogudluka lisuka kwenye indawo liye kwenye. Ngakho-ke, uma ibhuloho lizokwakhiwa, kungaba into eyingozi ukuzama ukudlula kulo."

48 Futhi ekugcineni kwaba khona indoda eyayiyindoda enombono, umakhi wamabhuloho eNgilandi. Weza ngapha. Futhi wabuka isihlabathi. Wa—wasicwaninga. Wahlola inhlabathi. Wezwa amanzi. Wayibhekisisa, kuqala.

49 O, ngiyakuthanda lokho. Wayibhekisisa yonke, kuqala. UJesu wathi, "Umuntu othenga indawo, noma eya ukuhlangana nebutho, kuqala uhlala phansi, abale izindleko." Yilowo nalowo kini lapha e-altare kulokhukusa, ubeyohlala lapho ezihlalweni zenu ngaphambi kokuba uze uzogcotshwa, futhi bekuyoba ukubala ukuthi kusho ukuthini. Bekungeke nje kube ukwedlula emgqeni womkhuleko, mahlaphahlapha. Bekuyoba ngukuya lapho ngokuqiniseka okuqinile, ukuthi, uNkulunkulu wayekuthembisile futhi uNkulunkulu wayekwazi ukugcina iZwi laKhe.

50 Ngakho-ke, le ndoda yahlola imihlabathi. Yahlola u… iphansi ngalinye phakathi elalinesihlabathi esibihlikayo. Futhi, ekugcineni, waya ezikhulwini. Wathi, "Ngizolakha ibhuloho, futhi lizophepha."

51 Abakhi bamabhuloho baseMelika nezingxenye ezahlukene zomhlaba bavele bahleka futhi bathi, "Indoda ayiphilile kahle ekhanda. Akekho umuntu ongabeka ibhuloho ukunqamula lapho." Bathi, "Ngisho noma inkukhu ingahamba ebhulohweni elizokwakhiwa, liyocwila. Ibhuloho belingeke limelane nakho. Ukungqangqazela ngisho benja egijima inqamula ibhuloho, okuzongqangqazelisa ibhuloho," basho, "bekunyakazisa izihlabathi, nebhuloho beliyoshona phansi. Ngeke kwenziwe."

52 Kodwa lendoda yayiyindoda yombono, futhi yayazi ukuthi yayikhuluma ngani, ngokuba into ethize phansi kuyo yayimtshela ukuthi angalenza.

Nkulunkulu, siphe amadoda ebandleni, anjalo!

53 Manje, kulo lonke ucwaningo lwesayense, ukuthi, kwakungeke kwenziwe, isayense yafakazela ukuthi kwakungeke kwenziwe. Kodwa lendoda yayinombono ukuthi yayingakwenza, ngakho-ke yathatha inkontileka.

54 Ngokushesha yasebenza. Yahamba ukuyohlola inhlabathi. Yaya kohlola, futhi yezwa izinjulo zephansi lesihlabathi

esibihlikayo. Yahlola wonke amabhawodi. Yahlola zonke izingcezu zo—zokhuni, zonke izingcezu zensimbi, wonke ukhonkolo. Konke kwakufanele kuhlolwe ngokuphelele. Ngoba, igama lakhe—lakhe elikhulu, nesimilo sakhe nekhono lakhe, kwakuncike ekutheni lelobhuloho limile noma qha.

55 Futhi uma umuntu walomhlaba, ngombono, ezoqiniseka ukuthi konke kwahlolwa ngokuphelele ngaphambi kokuba akubeke ebhulohweni, ngenxa yesimilo sakhe nangenxa yegama lakhe, kangakanani-ke uBaba wethu oseZulwini obusisiwe wavivinya lonke iZwi elake lashiwo noma lalotshwa eBhayibhelini. Walihlola lonke iZwi, wonke umprofethi. "Futhi yonke indodana eza kuNkulunkulu ifanele ihlolwe." Impahla engena kuloMgwaqo omkhulu, lonke idwala, yonke impahla yokwakha, ngaphambi kokuba ibekwe e—eMzimbeni kaKristu, ifanele ivivinywe, ijeziswe. "Yonke indodana eza kuNkulunkulu kufanele iqale ilingwe." Akekho ongabalwa; wonke! Wonke umprofethi, ngaphambi kokuba abhale kuleloBhayibheli, wavivinywa nguMoya oNgcwele. Njengoba nje yena . . .

56 Umakhi webhuloho, ngiyaxolisa, ngiyalikhohlwa igama lakhe. Bengilazi. Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, bengifunda udatshana, ukuthi konke wakuhlola kanjani. Wathola omakhenika ababedlula bonke ayengabathola. Wathola indoda kakhonkolo ewedlula onke. Wathola okwedlula konke ayengakuthola, ukuhlanganisa okudlula konke ayenakho.

57 O, umphefumulo wami ubuyomemeza "haleluya" kuNkulunkulu, lapho ngicabanga ukuthi uNkulunkulu ubeka eBandleni laKhe okudlula konke Angakuthola. UNkulunkulu uthatha abantwana baKhe futhi abavivinye ngesivivinyo se-asidi, bese-ke Ebafaka eMzimbeni kaKristu ngoba bavivinyiwe. Bayakholwa. Badlule ezivivinyweni. Bake baba nezehlakalo. Bangofakazi baKhe. Bayazi ukuthi bakhuluma ngani. Hhayi nje umqondo wobuhlakani, kodwa bazalwe kabusha, ngoMoya oNgcwele oyigugu, futhi bahlolwa isikhathi futhi bavivinywa, kuze kube yilapho imiphefumulo yabo ibekwa njengensengetsha ebheke eKalvari. Yebo, bahlolwe isikhathi eside. Bangofakazi baMandla aKhe. Futhi ngalokho, uNkulunkulu wakha ibhuloho elisuka emhlabeni liya eNkazimulweni, ukuze indoda ehamba phansi iza ngomgwaqo omkhulu, sihlale phansi ngaphansi kwesihlahla, ekupholeni kosuku, ngempahla yokwakha ehlowe isikhathi eside, labo abathatha uNkulunkulu eZwini laKhe. Kungenandaba ukuthi izimpawu ziyini, izimo, lokho akumi endleleni. UNkulunkulu unempahla yokwakha ehlowe isikhathi eside njengofakazi, futhi Uyayibeka.

58 Nalomakhi webhuloho omkhulu, ngenkathi ekugcineni . . . Abadwebi bezakhiwo bama eceleni base bethi kumakhi, abaningi babagxeki, "Alisoze lama."

59 Basho kanjalo-ke, "IBandla alisoze lavuka." Basho kanjalo-ke, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule." Basho kanjalo-ke, ukuthi, "Inkolo yasendulo ngeke isajatshulelwa."

60 Kodwa, o, ngenkathi lendoda ihlanganisa zonke lezozimpahla zokwakha, yamba. Yathola imishini ephephethayo, futhi yaphephetha lelo phansi lesihlabathi esibihlikayo. Yehla, phansi, phansi, amakhulu amafidi ngaphansi kwamanzi, yaze yaphephula lesosihlabathi esigudlukayo, yaze yabeka lokhonkolo ogxiliswe okwehange edwaleni phansi olwandle. O, kwakuyinani, yebo.

61 Futhi noma yini ekufanele ukuba nayo, inenani eliqhaselwe kuyo. Yeka ukuthi inkulu kangakanani lensindiso! Yeka inani elikhulu!

Kodwa, ekugcineni yehlela ngaphansi kwezihlabathi ezigudlukayo.

62 Futhi uNkulunkulu uthathe amaKristu futhi wawavivinya, futhi wawavivinya, wadingeka awathintithe, futhi awathintithe, futhi awathintithe, kwaze kwathi ekugcineni, ngolunye lwalezizinsuku, Wehlela eDwaleni eliqinile. Enye indoda ivele ithathe lesi sehlakalo esiyintekenteke esincane sokuxhawulana nokujoyina ibandla, nokufafazwa izikhathi ezimbalwa, noma ukubhaphathizwa noma okuthize, futhi Ugeza zonke izihlabathi ezigudlukayo aze abagxilise okwehange eDwaleni, uKristu uJesu. Bonke odeveli abahluphayo abakwazi ukumnyakazisa.

63 Umakhi webhuloho wayazi ukuthi wayenzani. Futhi ngenkathi, ekugcineni, seliqediwe, abanye babo bathi, "Ngeke lime. Kuzoba yingozi kunoma yini ukuwela kulo."

64 Une, nxazonke, isigejane sonjiniyela, kanye nemizila yezitimela. Futhi ngalolosuku ngenkathi bedlula besuka eSouth Sydney, beya eNorth Sydney, ngapheseya kokugamanxa kwebhuloho, wabeka cishe izitimela ezinkulu ezithwala impahla eziyisishiyagalombili zigcwele phama. Futhi wafaka imeya yedolobha emotweni, futhi wangena ngaphambi kwayo, ehamba, ephethe ifulegi. Futhi njengoba ibutho elikhulu nezinjini ezinkulu eziyisishiyagalombili zesitimu zigcwele phama, zimasha ziwela lelo bhuloho, nomakhi ethatha indawo yokuqala, ehamba phambili, alizange ngisho linyakaze.

65 Futhi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, EnguMakhi wezindlu weBandla, weza kulomhlaba futhi wabeka isisekelo. Lapho Ahlangana khona nodeveli, wavivinywa ngeZwi likaNkulunkulu, futhi Wathi, "Kulotshiwe ukuthi, 'Umuntu akayikuphila ngesinkwa sodwa.'" Lapho eMyise esiqongweni sethempeli, Wathi, "Kulotshiwe." Niyayibona impahla yokwakha Ayeyibeka eBandleni laKhe na? WaMthatha wamyisa entabeni, futhi waMkhombisa zonke izinhlelo ezinkulu Ayengaba nazo; Wathi, "Kulotshiwe."

66 Lonke iZwi likaNkulunkulu lahlolwa isikhathi eside. Futhi UnguKaputeni omkhulu ohamba phambi kwethu, nejazi laKhe uQobo elinegazi lizulisa, ukuthi, ngothando oluhlengayo lweGazi likaJesu Kristu uthenge iBandla, ngoMoya oNgcwele owahlola wonke amabhawodi nawo wonke umuntu owake wagxilisa okwehange kuleliBandla elikhulu likaNkulunkulu ophilayo. Yimpahla yokwakhe ehlowe isikhathi eside ekwenzayo.

67 Futhi lapho Emasha eqhubeka, umbuso omkhulu uza emva kwaKhe, njengeBandla elizelwe ngokusha likaNkulunkulu ophilayo, Alisuki, ngoba semukele uMbuso ongenakunyakaziswa. Umbiwe waze wayofika eDwaleni eliqinile, likaKristu uJesu, eyiTshe legumbi eliyiNhloko. Futhi njengoba Ehamba phambi kwethu, nejazi laKhe uQobo elinegazi, enza indlela, kuyisibonakaliso sokuhlengwa.

68 Ofakazi! "Niyakuba ngofakazi baMi eJerusalema, naseJudiya, naseSamariya." IBandla laKhe limi njengofakazi waKhe. Manje, kulokhukusa, ngithanda ukusho lokhu futhi ngishiye lokhu kini. Singofakazi baKhe ngemva kokuba senemukele uMoya oNgcwele. Ngokuba kungabakhona into eyodwa kuphela ongafakaza ngayo, okungukuthi, oyaziyo ukuthi iyiQiniso.

69 Lowo mfo wayengafakaza, ngemva kokuba esephephule zonke izihlabathi futhi wathola idwala eliqinile esifubeni somhlaba. Wayengufakazi ukuthi lokho kwakuzobamba. Wabeka ekaGeiger kanye nemishini kulezo zingcezu ezinkulu zempahla yokwakha futhi wahlola ngayinye yazo. Wayengufakazi ukuthi babezombamba, ngokuba wayebonile kuqinisiwe futhi labambelela.

70 Futhi thina esizelwe ngokusha ngoMoya oNgcwele, esigcwaliswe ngaMandla kaNkulunkulu, esinambithe ukuPhila okuPhakade kukaNkulunkulu oPhakade, naLowo ohlala kithi, singofakazi bobuhle baKhe, neZwi laKhe, namandla aKhe. Akusesikho ukuqagela kanjalo. Kungukwazi kanjalo, ngesahlakalo.

71 UNowa, lapho akha umkhumbi, wafakaza ezweni elingalungile ukuthi kwakukhona uNkulunkulu olungileyo. Yize kwakubonakala kungukuhlanya ngesikhathi kwakhiwa, kodwa kwafakazisa ukuthi yiwona kuphela umkhumbi owawuzontanta udlule esiphephweni. Futhi ngenkathi simiswa, kwaku. . . Walahla izwe elingalungile, futhi walungisisa labo ababekholwa kulo.

72 Kuyinhlekisa kanjani pho, ngesinye isikhathi, uNkulunkulu wenza izinto, emehlweni omuntu. Wake wama wacabanga ukuthi hlobo luni lokhuni uNowa akha ngalo umkhumbi na? Wakhiwa ngokhuni lomtholo. Futhi lolo wukhuni oluthambe kunazo zonke olungatholakala. Lufana nebhalsamu

nje. Kuyi . . . Ngani, uyiphonsa echibini ngaleya, lizocwila emizuzwini emihlanu. Ukhuni lwebhalsamu, noma umtholo, lunezimbobo kulo. Futhi akuyona yini into exakile ukuthi umkhumbi wawuzomelana nokuvivinywa kokubhujiswa okukhulu kwangaphambi kukazamcolo, wenziwa ngokhuni oluthambile na? Awu, lalisebenziseka.

73 Futhi ngesinye isikhathi uma siba lukhuni kakhulu futhi sihlale ezindleleni zethu, uNkulunkulu angeke asisebenzise kunoma yini.

Kodwa nasi isizathu ukuthi Wakwenza.

74 Niqaphelile na? Ngemva kokuba esekwenzile, khona-ke wayesebilisa itiyela, noma inhlaka, kwakuyiyo, yayiphuma kwezinye izihlahla. Manje kusho ukuthini lokhu na? Lapho ehlanganisa umkhumbi, wawenziwa ngalolu olulula ngempela, ukhuni oluthambile. Ungaluphakamisa ngapha nangapha, kulula kakhulu, lilula kakhulu futhi luthambile. Wabe esegawula esinye isihlahla okwakuyisihlahla seshoba. Futhi babelishaya lelo, indlela ababevame ukulithola ngayo, balishaye futhi balishaye, baze bashaye bakhiphe inhlaka kulo. Wabe esethatha lenhlaka wase eyithela kulolukhuni olulula, nezimbobo ezincane ezazisokhunini olulula zagcwala inhlaka, luvalelwe, lenziwe laba lukhuni kunensimbi.

75 Futhi uNkulunkulu walithatha iBandla laKhe, elizithulula lona, futhi lutho ngaphandle kokuthambile ezandleni zikaNkulunkulu. UNkulunkulu wagawula iNdodana yaKhe uQobo, futhi wathatha ukuphila eNdodaneni yaKhe, ngokushaywa nemivimbo, futhi wakuthululela ekholweni; futhi uyavalelwa, alungele izahlulelo. Yiyona'nto kuphela nje ezothatha ukwahlulelwa.

76 Kwedlula ngaphezu ngqo kwezahlulelo. Isizathu, wadlula ngqo. A—amanzi ayengukwahlulela. Futhi kwedlula ekwahlulelweni. Kwakuwubufakazi bokuthi uNkulunkulu wayekwazi Ayekwenza. UNowa walandela iZwi likaNkulunkulu. Ziningi izinto ezingashiwo.

77 UDaniyeli wayengufakazi ukuthi kwakukhona iNgelosi eZulwini, noma uNkulunkulu eZulwini, owayazi izimfihlo zenhliziyo, ngokuba Wathumela iNgelosi yaKhe futhi yakhulula uDaniyeli. Abanye abaningi babengofakazi.

78 Lapho uJesu efa esiphambanweni, amazulu afakaza. "Nanso impahla yokwakha. Yileyonto-ke." Uma uzoqaphela, yonke indalo iyakufakazisa.

79 "Phakathi ngqo nosuku." Lapho uNkulunkulu eseprofethile, ngaphambili, lapho isabatha liyophela, wathi, "Kuyoba yisikhathi lapho ilanga lishona phakathi ngqo nosuku." "Futhi kusukela ngehora lesithupha kwaze kwaba yihora lesishiyagalolunye kwakungubumnyama." Kwakuyini na? Ilanga . . . Manje, ubumnyama abusho ukuthi kunokukhanya

okuncane kubo. Ubumnyama bungubumnyama obuphelele, kumnyama kakhulu, njengoba kwakunjalo eGibhithe, kwaze kwaphatheka. Kungekho msebe wokukhanya!

80 Futhi ilanga lafakaza, "Nangu Lowo. Leyo yimpahla yokwakha uNkulunkulu azokwakha ngayo iBandla." Inyanga nezinkanyezi kwafakaza. Lapho efa, amazulu afakaza. Umhlaba wabhodla, amadwala aqhekezeka. Umhlaba wafakaza. Futhi abangcwele ababelele emhlabeni, uthuli lomhlaba, bavuka, bafakaza.

81 Abantu ePhentekoste, ngenkathi behlekisa, uPetru wasukuma futhi wafakaza ngokunye kwalokho kuPhila okufanayo okwashaywa kuYe eKalvari, kwathululelwa kuPetru, esimweni sikaMoya oNgcwele. Futhi wema lapho njengofakazi, iZwi likaNkulunkulu, futhi wafakaza ngendikimba evela emBhalweni, ukuthi wathi, "Nina madoda aseJudiya, nina enihlala eJerusalema, makwaziwe lokhu kini, nibeke indlebe emazwini ami. Ngokuba laba kabadakiwe, njengoba nicabanga, kodwa lokhu yilokho okwakhulunywa ngumprofethi uJoweli, 'Kuyokwenzeka ngezinsuku zokugcina, Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama.'" Wayengufakazi.

82 Manje singena kulezi zinsuku zokugcina nezimbi, lapho Ezoba nofakazi. Ufanele abe nofakazi. UNkulunkulu uyaphila. IZwi likaNkulunkulu liPhakade.

83 Manje ake sibuyele ekufundweni kwethu komBhalo. UJesu, ehla entabeni, Wayelambile. Futhi Wabuka esihlahleni, futhi kwakungekho sithelo kuso. Yena, mhlawumbe, akazange aliphakamise iphimbo laKhe.

84 Akazange asukume, wathi, "Manje madoda ahloniphekile, yimani nganxanye. Ngifuna ukunikhombisa amandla aMi." Wathi . . . "Futhi nginamandla okwenza lesosihlahla senze ukuthi-nokuthi." Akazange akusho lokho.

85 Wavele wakhuphukela kuso. Akatholanga lu—lutho kuso, ngakho-ke Wathi, "Akekho odlayo kuwe," wahamba.

86 UPetru wakuzwa. Futhi ngakusasa, ngenkathi edlula, o, isihlahla sasiselapho, kodwa sasesifile. Futhi waphawula ngakho, ukuthi lesosihlahla sasibune ngokushesha kanjani, ezimpandeni zaso. UJesu wathi, "Qha . . . "

87 Futhi, bukani, kwakungelona iphutha lesihlahla. Kwakungakabi yisikhathi samakhiwane. Kodwa Wakwenza ukuze azikhulise Yena uqobo, ukuze azibonakalise Yena uqobo. Ku . . . WayenguMesiya, futhi lobo kwakungobunye bobufakazi bokuthi WayenguMesiya. Lokho kwaba uphawu lobuMesiya baKhe. Uphawu lokugcina kwakungukuvuka kwaKhe, ukwenyuka kwaKhe. Lolo kwakuluphawu lokugcina lobuMesiya baKhe. Akwenzile kwakungubufakazi bokuthi Wayenguye. Manje, Akakaze azulazule, wathi, "Nonke nina zihlahla yifani." Wavele wakwenza nje lapho ukuze

abafundi, ababezobhala lomBhalo kamuva, bayokwazi ukuthi WayenguMesiya. Niyabo?

88 Manje, khona-ke, lapho uPetru ebuza lombuzo, "Bheka, isihlahla sibuna masinyane kanjani!"

89 Khona-ke Wathi kubo, "Uma nithi kulentaba, 'Nqukuleka, uphonseke elwandle,' futhi ningangabazi, kodwa nikholwe ukuthi enikushoyo kuyenzeka, nizokuba nakho lokho enikushoyo."

90 Manje lalela. Leyo yingxenye yempahla yokwakha kulomnotho omkhulu kaNkulunkulu, lomkhumbi omkhulu esikuwo, umkhumbi omdala waseSiyoni, eMzimbeni kaKristu.

91 Manje ebufakazini! Sekube nesikhathi, ngikubukele lokhu. Futhi manje lalelisisani manje ngokufundisa okuncane.

92 Kuke kwaba nezikhathi empilweni lapho bonke... Lapho ngiye ngabheka ukuhlupheka, futhi ngibone labo ababephekile futhi bahlushwa amandla amademoni, inhliziyo yami ivele yophe ngenxa yabo. Futhi, nokho, ngiye ngaba nabo bangishayele ucingo, nasemihlanganweni, leyo nhlokomo, nokunyakaza, nokudweba, nokudonsa, futhi kunzima kakhulu ukuthi "qhabo" kulabo bantu. Ngokusobala, angikwazi ukukwenza; othile ukusho kimi. Angikwazi ukufika kubo. Indlela inhliziyo yami eyopha ngayo nje ngabo. Usuku nosuku ngidlula ekuhlushweni kwalokho, futhi ngiyazibuza ngezinye izikhathi.

93 Futhi, mina, khona-ke ngiyaziduduza, ngokubuyela emBhalweni, futhi ngiMbone edabula kuleyondawo yaseBethesda, futhi ngibona bonke labo abakhubazekile nabahluphekile; futhi waya kwenye indoda, wayiphulukisa, ilele ohlakeni, wase ehamba futhi wabashiya abanye. Kodwa, noma kunjalo, phansi enhliziyweni yami, lokho kwenza mina . . . Akususi lokho kushisa. O, yeka indlela engifisa ngayo ukuthi bekukhona into engenzeka!

94 Khona-ke ngiqaphelile, ngaleya ePortland, e-Oregon, ngenkathi lolohlanya ngalobobusuku lugijimela emsamo, ukuzongibulala. Ngiyakhumbula lapho, kukhona okwenzekayo, futhi kwakungekho nhlobo ebuhlakanini. Ngobuhlakani, ngabe ngagijima njengoba abanye abashumayeli benza. Kodwa, angizange ngigijime. Kwakukhona okuthile; uNkulunkulu wayelungiselela ukuveza amandla aKhe.

95 Ngesinye isikhathi, Wathi, "Thulani futhi nazi ukuthi NginguNkulunkulu." Ukube iBandla belingama kuphela nje isikhathi eside ngokwanele! UNkulunkulu uzokwenza okuthize okuncane, futhi bazoxhuxhuma ngakho konke futhi bagijime bezungeza, bekwenza, niyabo, baphume entandweni kaNkulunkulu. Bathule.

96 Ngesinye isikhathi Wayezokhombisa aMandla aKhe oLwandle oluBomvu. Wathi, "Lwandle oluBomvu, thula uthi du." Futhi Wamashisa abantwana baKhe badlula kulo ngqo. Ukuba-ke bebeyophenduka, bathi, "Asikwenze futhi, Nkosi"? Bekungeke kwenzeke. Impela ngeke.

97 Ngesinye isikhathi Wayedinga isikhathi esincane sokulwa impi ayinqobe. UNkulunkulu usanda kwenza ilanga ukuthi lime linganyakazi, ngaleya, ukubuka ukuthi Uzokwenzani. Ya. "Manje, langa, vele ume unganyakazi nje, ngaleya, umzuzu embalwa. Ngizokukhombisa okuthile." Manje kuthiwani uma, ngosuku olulandelayo, uJoshuwa uthi, "Langa, yima unganyakazi"? Bekungeke kukwenze. UNkulunkulu wayezokwenza okuthile. Wayezofakaza eMandleni aKhe. IZwi laKhe, UnguSomandla, futhi UyaKufakazela.

98 Ngesinye isikhathi, kwakukhona impumputhe eyayivela eJeriko. Futhi lapho uJesu edlula, impumputhe yamemeza, "Ngihawukele!" NeBhayibheli lathi, "NoJesu wema, wathi, 'Mletheni lapha.'" O, he! UKristu wema, ngokuba uNkulunkulu wayezoMsebenzisa ukukhombisa aMandla aKhe.

99 Kungahle ukuthi kwakukhona izimpumputhe ebezingaba ikhulu nangaphezulu ezansi komgwaqo engamakhulu; Angazi. Mhlawumbe umpristi ethi, "Woza lapha umzuzu! UnguBani Owavusa abafileyo na? Vusa . . . Sinendawo yamathuna egcwele bona. Sezwa ukuthi Wavusa uLazaru." Kodwa, uNkulunkulu wayeqinisekisa ubuMesiya baKhe. Yilokho ayekwenza. Impela.

100 Ngike ngazibuza ukuthi kwenzekani. Kodwa kukhona indawo umuntu angahlala kuyo, eseduze kakhulu, eBukhoneni bukaNkulunkulu. Akukhona ngokukhetha kwakho. Kungokukhetha kukaNkulunkulu ukuthi uphila kuleyondawana, kuze kube lapho ubuhlakani bakho uqobo bungasenamsebenzi ngakho.

101 Phansi eNingizimu Afrika, ngaphonselwa inselele inqwaba yezinyanga bathakathi. Futhi ngimi lapho, oyedwa phakathi kwedazini noma ngaphezulu, futhi bona bezama ukungiphonsa ngamalumbo. Kodwa uNkulunkulu wavele wabamisa banganyakaza futhi babukela iNkazimulo kaNkulunkulu ukubuyisela ukubona, nobumpumputhe, izinto kubantu abahluphekileyo.

102 Ngaleya eKarlsruhe, eJalimane, ngenye intambama ngenkathi okhonza imimoya yabangasekho ephuma, uku . . . babefuna ukuqophisana nami, ehhotela. Indoda ayibavumelanga ukuba bangene. Bathi, "Sizophonsa ilumbo kulowomhlangano kulentambama futhi kungabikho muntu ozayo . . . " Qhabo, bathi, "Sizowuphephula, ngesivunguvungu." Futhi isibhakabhaka sasisihle nje futhi sikhanya bha. Kodwa lapho sifika lapho futhi saqala nje ukucula, futhi kwenyuka isiphepho esikhulu esinamandla. Kwakukhona cishe amashumi

amabili ngakolunye uhlangothi lwami, namashumi amabili kolunye. Futhi bonke babedlula ekuvungameni kwabo futhi besika izimpaphe zabo ngezikelo, futhi bedlula ezintweni ezinjalo, ukuba baphonse ilumbo. Futhi, kungazelelwe, lelothende elikhulu lezinkulungwane ezingamashumi amathathu liqala ukuvevezela nokuzamazama, nemimoya ivunguza. Futhi ngangishumayela. Futhi Into ethize yathi, "Thula uthi du."

103 *Haleluya*! Angisho ukuthi uxolo. Lokho kusho ukuthi, "Dumisani uNkulunkulu wethu!"

104 Futhi uNkulunkulu wenza lesosiphepho sithule du, sihlehle, ukubona izindumiso zikaNkulunkulu, lapho cishe imiphefumulo eyizinkulungwane ezingamashumi amane, ngalolosuku nobusuku, yashanelwa yangena eMbusweni kaNkulunkulu, ngakho. "Thula uthi du." Kunjalo. Unikeza ubufakazi.

105 Ngaleya eSweden noma eSwitzerland. . . Awu, lapha, ngizothi, ngale eFinland, ngoluny'usuku, umfana omncane ofile wayelele eceleni komgwaqo, imoto yamgayisile, yaphahlaza umzimba wakhe omncane waba yizicucu. Wayephuke kakhulu kwaze kwathi unyawo lwakhe lwaphumela ngisho esokisini lakhe elide. Imoto yamgayisile yamuhhala yamkhuphula nje, futhi yamkhahlela waya phezulu emoyeni yase imjikijela ngapheseya komgwaqo. Amehlo akhe ayephumele ngaphandle. Umlomo wakhe wawuvulekile. Ulimi lwalulenga ngaphandle negazi ligeleza ezindlebeni zakhe. Kodwa, eminyakeni emibili ngaphambi kwalapho, uNkulunkulu wayewukhombisile umbono wakho. Futhi ngangihambe ngakhuphuka ngobuphukuphuku kakhulu, futhi ngabuka umntwana; wahamba, ekhala.

106 Futhi iNkosi, noma omunye, okungaphezu kwemvelo, babeka izandla zabo ehlombeni lami. Wathi, "Akuyena lowo mfana engikubonise yena na?" O, umuzwa ongaka pho!

107 Nakho kumi usodolobha wedolobha, iNdoda eNkulu, ibiziwe, nabaningi bemi eduze. Futhi uNkulunkulu wabenza ukuba bathule bathi du, ukuze Abonise aMandla aKhe amakhulu ukuvusa ofileyo, ambuyisele ekuphileni futhi. "Thula uthi du." Kholwa uNkulunkulu, futhi ube ngufakazi. IZwi laKhe liPhakade.

108 Kwakusezinsukwini ezimbalwa ezedlule, lapho sasi. . . Ukubona nje ukuthi uNkulunkulu uzenza kanjani izinto zibe lula kakhulu! Futhi sikhungatheke kakhulu, size sibheke izinto ezinkulu kakhulu. Yaneliseka ngezinto ezincane. Mbhekisise lapho Enza imisebenzi yaKhe ekhazimulayo, ukuthi Ukuvikela kanjani wena. Ungabheki le ngaphezulu kokuthile; bheka phansi lapha.

109 Qaphelani. Ngiqala ukucabanga lokhu, ukuthi kungenzeka ukuthi lapho umuntu, njengabaphostoli, futhi lapho ungaphila eduze noNkulunkulu; futhi uNkulunkulu, ngomusa waKhe, asebenze ngawe; ukuthi lapho uthola okukhulu kuNkulunkulu, yilapho uba nokumesaba kakhulu uNkulunkulu. Lapho kungena ukuPhila okuPhakade kakhulu, kukhulu okobuhlakani okuKuphushela ngaphandle.

110 Manje, angiqondile ukuba ngoshisekela ngokweqile. Ngiqonde ukuba elangempela, elisile, ikholwa eliphilile. Niyabo? Hhayi isigejane senkoleloze, kodwa eliqinile ngempela, leqiniso, elinengqondo, ikholwa elinobuhlakani.

111 Futhi manje bhekani. Ngikubonile kusebenza. Futhi ukucabanga ukuthi uma uyongena kulokho kuxhumana noNkulunkulu, kuze kungasaba iphimbo lakho nhlobo. Akusewona umcabango wakho nhlobo. Kuba ngumcabango kaNkulunkulu nephimbo likaNkulunkulu. Wena ungumvini nje noma . . . igatsha nje. Yena ungumvini, futhi nguMoya waKhe ongena futhi unikeze amandla. Inqobo nje uma ungazikhipha wena endleleni, Uyoyigcwalisa, bese-ke ungaba ngufakazi.

Njengoba nje umkhumbi kaNowa waba ubufakazi.

112 Njengoba uJesu wayengufakazi kaNkulunkulu. Ugcwala kakhulu uNkulunkulu waze Yena noNkulunkulu waba munye. "UNkulunkulu wayehlala kuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe." Khona kanye ukuzwakalisa, umsebenzi womuntu uveza isimilo sakhe! UKristu wayengumsebenzi kaNkulunkulu. Futhi uKristu wamemezela isimo sikaNkulunkulu; ukuzwela kwaKhe abagulayo, ukulangazelela kwaKhe ukusindisa imiphefumulo, waze Wanikela ngisho nangokuphila kwaKhe uQobo. Umsebenzi kaNkulunkulu, isimilo sikaNkulunkulu, kwamenyezelwa kuKristu.

113 Futhi uma ungavele uthulule eyakho imicabango yobuhlakani, futhi unikeze uNkulunkulu ilungelo lendlela, Angasimemezela isimilo saKhe ngomsebenzi wokuzinikela kwakho. Thulula. Thola izwe, thola ukungabaza kwakho, kusuke endleleni. Uma uze e-altare ukuzokhulekelwa, uthi, "Ngizokhuphuka futhi ngibone ukuthi ngizophulukiswa yini," uNkulunkulu akasoze amemezela imisebenzi yaKhe. Ufanele ususe imicabango engeyakho endleleni, futhi uMvumele Akugcwalise.

114 Manje, indlela engiye ngiqaphela lezi zinto; njengalenkunzi endala phezulu lapha eyayizongibulala ngaleso sikhathi; njengaleyo minyovu emuva ngaleya kothango; njengezinye izinto eziningi ezenzekile; ibhere emahlathini. Kungukufunda imvelo. Yinto eyenzekayo.

115 Ngisho lokhu manje, kuxolele, njengesehlakalo somuntu siqu, kodwa ngifuna ukunitshela ngoba yisikhathi samanje. Omunye wathi, "O, awu, lezozinto zenzeka

emuva ezinsukwini zabaprofethi. Ezinsukwini . . .” Awu, uNkulunkulu wayekhombisa izibonelo. Kodwa benazi yini, namuhla, uNkulunkulu wakha iBandla na? Wena uthi, “Awu, Wayenabaprofethi. Babefanele bakhulume iZwi likaNkulunkulu.” Kodwa, Yena uneBandla likaNkulunkulu, namuhla.

116 Qaphelani, kukhona okwenzekayo. Ngifisa sengathi kungaba njalo ngaso sonke isikhathi. Ngingathanda kuNkulunkulu ukuthi kungaba njalo ngaso sonke isikhathi, kodwa akunjalo. Kuza nje ngentando yaKhe.

117 Manje, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, noma cishe emavikini amabili noma amathathu edlule, bengikhulekela abantu abanomdlavuza wokushodelwa yigazi. Bengikhuleka nabantu, ngilindele umbono, lowo ogulayo nohluphekile. Abaningi engibalindile, iminyaka.

118 Ukwenza isibonelo, u-Edith Wright omncane, okhubazekile. Ngiyakhumbula ngenkathi uyise elele, efa, noNkulunkulu ekhombisa umbono kayise, futhi wadedela u-Edith walala lapho.

119 Kukhona owesifazane omncane, ngi—ngiqagele usengaphakathi lapha. UNkk. Geiger, ovela eFort Wayne, umama omncane obukeka edabukisa, intombi. Wazala ingane. Futhi ingane yayinkulu kakhulu; yena wayemncane kakhulu, kwamgijimisela emdlavuzeni. Futhi uNkulunkulu wamphulukisa umdlavuza. Manje usecishe abe nokuhlakazeka kwengqondo, kusukela ekubeni nokwethuka. Usesikhathini sakhe. Futhi into empofu bandla . . . Futhi umyeni oqotho ngempela. Futhi umfo omncane uye waya yonke indawo, ekhuleka, futhi efuna, futhi ekhala. Futhi mina ngikhulekela okufana nalokho.

120 Futhi niyazi ukuthi kwenzekani na? UMfowethu Wood emuva lapho, uyise wehla, uFakazi kaJehova. UMfowethu Wood wayenguFakazi kaJehova. UNkulunkulu wafakaza futhi waZimemezela kuye, ngokuphulukisa umfana wakhe, uDavid, isishosha.

121 Kwabe sekwehla umfowabo. Futhi umfowabo wayephila impilo yokuziphatha okubi. Futhi lapho uMoya oNgcwele waphenduka futhi wamkhuza. Wabona owesifazane ayegijima naye, futhi wanikela ngempilo yakhe futhi wadedela wonke udeveli aphuma kuye ngalolosuku. Futhi uhamba emigwaqweni manje futhi enza konke nje angakwenza ukukhonza uNkulunkulu, efakaza kubantu bakubo.

122 Bese kuthi-ke, uyise omdala ompofu, ethembeke njengoba ebengaba njalo, kukho konke ukusebenza kwakhe njengomlimi, nokunye nokunye. Futhi ngenkathi uyise esehla, wayefuna ngihambe ngiyodoba naye, futhi sehlela echibini.

123 Emgwaqeni owehlayo, kwafika umbono, ngalokhokusa. Futhi Wathi, “Wonke amachibi owawelayo nayo yonke imifudlana yamanzi, kuzoba nodaka; akukho kudoba. Kodwa uma ufika ezansi eWolf Creek lapho, kuye eDale Hollow,” wathi, “lokho kuzoba kuhle futhi kube luhlaza okwesibhakabhaka. Futhi awukaze ubambe ubhabhula kulawo manzi, kodwa uzobamba uhide lwazo. Futhi,” wathi, “bazobamba eyodwa noma ezimbili ezincane. Bese kuthi-ke uzobamba inhlanzi enkulu, nenhlanzi yesikali. Kuyoba enkulu, yohlobo.”

124 Ngaphenduka ngase ngibacaphunela khona. Ngabheka amehlo ekhehla, lapho ibheka ngaleya ngakubafana bakhe. Lapho sihlele lapho futhi sangena emanzini . . . Onke amachibi ayenodaka, sehla. Lapho sifika khona, kwaba njengoba nje kuluhlaza sasibhakabhaka, kwakuyolimaza amehlo akho, cishe impela. Futhi sadoba, futhi asikwazanga ukubamba inhlanzi ibass, icrappie, nanoma yini. Futhi, kungazelele, ngaqala ukubamba ubhabhuli, futhi ngabamba lonke uhide lwabo. Abanye babo, amaphowondi ayisihlanu, ngamunye. Futhi ngezinye izikhathi ezimbili entanjani eyodwa, ngenduku nentambo. Sadoba, futhi sathola uhide lwezinhlanzi.

125 Futhi ngokusa okulandelayo, ngabuyela emuva, ngidoba. Ngabambe inhlanzi i-bluegill eyodwa enkulu, yayi . . . noma esiyibiza ngenhlanzi enesisu esibomvu isunfish, enkulu kunazo zonke engake ngayibona.

126 Manje-ke, ngenkathi indoda ifika kimi, ngathi, “Manje, mnumzane, iBhayibheli lathi, ‘Uma ekhona phakathi kwenu ongowomoya, nomprofethi, futhi akushoyo kufezeka, khona-ke mzweni. Uma kunga . . .’” Ngase ngithathe iziprofetho ezine ezivelele zikaFakazi kaJehova ngase ngimbonisa ukuthi asikho nesisodwa sazo esasifezekile; zonke zehluleka. Ngathi, “Manje kuthiwani ngenhlanzi na?”

127 Futhi uNkulunkulu wabonisa lowo mbono, ukushintsha leyondoda futhi uyiphendule, ngaleyo ndoda eyodwa, lapho kwakukhona izinkulungwane zilele, zihlupheka. Ubukhosi bukaNkulunkulu uSomandla, ukunazisa ukuthi Umemezela ukwenza kwaKhe ngomsebenzi waKhe, futhi isimilo saKhe simenyezelwa ngokufanayo.

128 Bukani ichibi laseBethesda. Wena uthi, “Lokho akuzwakali njengoNkulunkulu enza lokho.” Bukani abakhubazekile, izishosha, nezinyonga, izimpumputhe, abashwabeneyo, belindile. Futhi nakhu kuza uJesu enqamula khona lapho, izingubo zigcwele amandla; futhi wahamba waya kumuntu, waya kumuntu owayekwazi ukuhamba, enza lokho ayefuna ukukwenza, kodwa wayenohlobo oluthile lwesifo esimlibazisayo. Futhi wamphulukisa, futhi wabashiya bonke abanye bemi lapho. Niyabo? Isimilo saKhe. Wayefuna

ukukhombisa aMandla aKhe. Wayefuna ukwenza okuthile. Ya, izwe lima nse, ukuba bakuqaphele.

129 Manje qaphelani, ngakuthangi, lapho sibuyela emuva. Ngiyabuya, umhlangano wase-Indianapolis, futhi ngicabange ukuthi ngizofanele ngihlale isikhashana nje, kude nabantu, ngize ngithole ukuthi sengiphumulile, ngoba ngiyoba namashumi amabili noma amathathu, ngosuku, ngezingxoxiswano zangasese, naleyo mibono iza. Kwase kuthi angife lapho ngifika ekhaya. Akekho owaziyo ukuthi ngibhekana nani kulokho; akekho noyedwa. Ayikho indlela yokukuchaza. Kodwa-ke uMfowethu Wood, nomfowabo nami, sagijima sehlela endaweni, futhi ukuyodoba futhi, imini nobusuku.

130 Futhi ngaleyontambama, ngihlezi emuva lapho, uMfowethu Wood waqala ukukhuluma ngesalukazi esasivamise ukuba ngowe-Anderson church of God, phezulu lapha, ngenkathi besekupheleleni kobusha babo. "Kuhle kanjani!" Wathi wayevamise kanjani ukuthatha labo bafana abancane abangoFakazi bakaJehova futhi abathande. Futhi uMfowethu Wood wathi kumfowabo, uLyle; wathi, "Lyle, bekungeke yini kube kuhle manje, uma singahamba sithole lowodade omdala futhi simazise ukuthi sisindisiwe na?"

131 Manje, lelozwi lathola umusa kuNkulunkulu. Ngemva kokukhuluma ngoNkulunkulu isikhathi eside, kodwa lelozwi lathola umusa. Labo bafana ababili abangoFakazi bakaJehova, bobabili bengamadoda asekhulile, befuna ukuthola isalukazi futhi basitshele ukuthi babesindisiwe, izelamani ezimbili.

132 Lapho sebesho lokho, uMoya kaNkulunkulu nokuzibusa kwaKhe kwehlela phezu kwami, ngihlezi lapho kuleso sikebhe. O, ngifisa sengathi bengingaba nephimbo, ngandlela thize, futhi bengingacwilisa lokho enhliziyweni yabantu. Angibange ngisakwazi ukuzibamba kunokuba ungandizela enyangeni; ngalelo zwi nje. Ngase ngithi, "Bafana, kukhona okuthile okulungiselela ukwenzeka. Isilwane esincane sohlobo oluthile. Sozophiliswa. Kuzoba khona ukuphila okuxhunyaniswe ngakho. Futhi nizokubona khona manje."

133 Ngase ngicabanga, "Manje ngitheni na?" Futhi ngiqala ukucabanga ngezinto ezithile. "Yini engenze ngisho kanjalo na?" Akukho mbono. KwakungoKuthile nje okukhulumile. Bekuyini na? Kwakungebona ubuhlakani bami; Angikwazanga ngisho nokucabanga into enjalo. Kwakuphansi ngaphansi kwalokho. Kwakusenhliziyweni uNkulunkulu ayengene kuyo. Wayekhuluma. Angizange, ngisho ngangingacabangi ngento enjalo, futhi Kwakhuluma.

134 Ngicabanga ukuthi kulapho uJesu athi, "Uma ukholwa enhliziyweni yakho, futhi uyakuthi kulesisihlahla, noma

kulentaba. Futhi-ke ungangabazi, kodwa kholwa ukuthi okushoyo kuzofezeka, uzoba nakho okushoyo."

135 Nalo iphuzu lami. Fika kuleyondawana, lapho khona kuyiNto ethize okungesiwena. INto ethize ngale kokuzindla kwakho, okukukhulumayo. Saqhubeka.

136 Sengivala, ngisho lokhu. UMfowethu Wood kanye nabo bahlezi lapha njengofakazi. Ngakusasa ekuseni . . .

137 Ngalobobusuku, sahamba, futhi iNkosi yasinika ubusuku obukhulu bokudoba. Akekho owabamba noma iyiphi inhlanzi . . . Futhi sabamba ezintathu lapho, emizuzwini embalwa nje, futhi ezintathu zaba nesisindo esicishe sibe ngamaphawundi angamashumi amabili. Futhi sasinoxhaxha olukhulu lwezinhlanzi.

138 Ngakusasa ekuseni, sabuyela emuva futhi sasibeka izicupho, ezintsha, entanjeni, futhi lutho ngisho inhlanzi eyodwa. Kwase kuphelile. Ngathi, "Asingene kulensonge encane futhi siphumule imizuzu embalwa, bazalwane. Futhi sizakudoba izinhlanzi ama-bluegill, ngosinga."

139 Sabuyela lapho futhi sasidoba izinhlanzi ama-bluegill, emuva kwinsonge encane, ngesikebhe sethu. Futhi ngaso sonke isikhathi, sasima nje isikhathi eside ngokwanele, injini yayima. Sasingadobi; sasikhuluma ngoNkulunkulu.

140 NoMnu. Lyle, okungukuthi manje . . . Waya kudadewabo, ezama ukumkhipha kuFakazi kaJehova. Futhi owesifazane wamtshela—owesifazane wamtshela ukuthi wayelalele odeveli; ukuthi sasingodeveli.

141 Wathi, "Lyle, wazi kangcono ukuthi lokho. Futhi zonke lezi zinto ezithile."

142 Khona-ke, uLyle wabamba inhlanzi i-bluegill encane, ecishe ibe *kanjalo*. Futhi wayekhuluma, ngakho-ke wavumela umfo omncane ukuba agwinye ihhuku elikhulu. Lehlela lathi ngqu esiswini senhlanzi encane. Futhi kwathi lapho eseyibambile, akakwazanga ukulidonsa. Ngakho-ke wavele wayikhama esandleni sakhe, wayizongolezela wakhipha izibilini kuyo. Kwadingeka akhiphe lelihhuku emlonyeni, ngokuba uma enqamula ihhuku, yayiyo . . . inhlanzi efile, izofa noma kanjani. Futhi nanka amazwi ukuthi wathi, "Impela udubule okukuvimba kwakho, mfo omncane," wayeseyiphonsa emanzini.

143 Futhi yapheqa kathathu noma kane, yase izungeza yehla emanzini aluhlaza sasibhakabhaka, yaze yashaya ngaphansi. Yalala lapho imizuzu embalwa nje. Futhi yabuya yenyuka, emanzini angaphezulu, futhi yabhakuza kathathu noma kane. Izigwedlo zayo ezincane zaqonda zathi thwi, *kanjalo*, yalala ngezinhlangothi, yagoqana. Futhi cishe imizuzu engamashumi amabili, thina sidoba, yayisivele iyantanta yabuyela ehlane, ibuyela phezulu kwemfucumfucu. Futhi mina . . .

144 Futhi omunye wathi, "Lezozinhlanzi ezincane ngempela zinesidlo sasekuseni, noma ziyazondla na?"

Ngathi, "Yebo. Kunjalo."

145 Futhi sathi, "O, uNkulunkulu akamkhulu yini!" NoMfowethu Wood wathi, "O, kukhulu kakhulu, Mfowethu Branham! Sinenhlanhla yokuba lapha kanye nawe." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

146 "O," ngathi, "ungakucabangi lokho, Mfowethu Wood. Lokhu," ngathi, "akusiyo—akusiyo intaba engcwele. Akusiyo indawo engcwele. NguNkulunkulu ongcwele. Hhayi umuntu ongcwele, kodwa uNkulunkulu ongcwele." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

147 Futhi sisakhuluma, Into ethize yanyakaza kimi. Yathi, "Ngizokhombisa aMandla aMi manje." Ngaphambi kokuba ngazi engangikhuluma ngakho, lowomBhalo wafika engqondweni yami, "Noma yini oyishoyo, kholwa ukuthi kuyakwenzeka, enhliziyweni yakho. Kukhulume, futhi uzoba nakho okushoyo." Ngi—ngingacishe impela nje... Kwakukhukhula kimi.

Futhi ngacabanga, "Lokhu kwenzekani na?"

148 ULyle noBanks behlezi lapho. Sasidoba. Encane, inhlanzi efile ikade ilele, cishe imizuzu engamashumi amabili, igoqene yonke ngalapho, yantanta yabuyela endaweni; izibilini zayo ezincane zilenga emlonyeni wayo. Ngase ngibuka leyo nhlanzi encane, nomcabango weza kimi, "Wathi kubadobi, 'Phonsani ngakolunye uhlangothi lomkhumbi.' Bathatha iZwi laKhe. UPetru wathi, 'Nkosi, siye sadoba ubusuku bonke, sangabamba lutho. Noma kunjalo, eZwini laKho, sizophonsa inetha.'" Nakho-ke, "EZwini!"

149 Into ethize yathi kimi, "UNkulunkulu uyayazi inhlanzi. Khuluma iZwi nje futhi ubukele ukuthi kwenzekani kuleyo nhlanzi."

150 Ngathi, "Nhlanzi encane, eGameni likaJesu Kristu, buyela ekuphileni."

151 Futhi uNkulunkulu, umahluleli wami onesizotha, nalawomadoda amabili emi lapho, leyonhlanzi encane yaphendukela ohlangothini lwayo futhi yabhukuda yasuka lapho ngamandla eyayingahamba ngawo, iphila futhi. "Khuluma iZwi!" UNkulunkulu uSomandla, njengoba ngimi lapha phambi kwaKhe ebukhoneni balesisixuku naleliBhayibheli, uyazi ukuthi lelo yiqiniso.

152 Lapho abantu befa, futhi nokho uNkulunkulu wabonisa aMandla aKhe kulabo oJe-...oFakazi bakaJehova, ukuthi Ungukuvuka nokuPhila, futhi akukho lutho ngaphandle Yena akwaziyo ngakho. "Wena yisho, futhi ukholwe ukuthi okushoyo kuyenzeka, uzoba nakho okushoyo."

153 Kwakuyini na? UNkulunkulu ekhombisa aMandla aKhe; hhayi mina, umvini nje. . .noma igatsha. Wanika igatsha amandla ukuze ngingakwazi ukuqhubeka ukuzwakalisa lawo maphimbo. Bengiyoke ngicabangeni ngencane, inhlanzi efile elele lapho, kuyilapho ngisho sasinazo zisikwa futhi sicupha ngazo entanjini na? Leyonhlanzi encane ilenga lapho, ilele lapho, ifile.

154 UMnu. Wood nabo behlezi khona lapha, bengibhekile manje, ufakazi walokho. NoMoya kaNkulunkulu washanela wehlela kulesosigodi, waze wacabanga ukuthi uHlwitho lwaluza. Ngisho, kwaze kwathi, uMnu. Wood wadazuluka kakhulu wayesethi, "O, kuhle ukuba lapha!" Wathi, "Mfowethu Branham, sijabule kakhulu ukuba lapha!" Ukuphela kokuzwakalisa ababengakunikeza kwakungukuthi mina ngingumfowabo. Futhi ngaphenduka masinyane. . .Isizathu, babonile ukuthi uNkulunkulu wayengisebenzisile ukukhuluma ukuphila enhlanzini.

155 Futhi, manje, lokho kuzwakala kungukuhlanya, kodwa lokho nguNkulunkulu ofanayo owakhuluma ukuphila kulelonyamazane i-opozamu efile ilele ngaleya egcekeni. Ungu-Alpha no-Omega, iSiqalo neSiphetho. UngukuPhila, uvuko. UngaMandla, Lowo ongunaphakade. Onguye izolo, namuhla, naphakade!

156 Lokho kunginika ukwazi lokhu, ukuthi ngoluny'usuku, lapho ukuphila sekuhambile kulomzimba ofayo, futhi ngilele ngaleya, noma kunjalo, uma Ekhathalela inhlanzi, impela Ukhathalele mina nawe, esizama ukuMkhonza. Futhi ngelinye ilanga elikhazimulayo Uzokuza. Hhayi igatsha, kodwa uMvini qobo lwaWo uyokhuluma useKwekomkhulu laWo eNkazimulweni, nalabo abalele kuKristu bayakuvuka futhi baye ekuPhileni okungunaphakade.

157 Yeka umuzwa! Akekho owayengakuzwakalisa. Lapho ubona inhlanzi efile ilele phezu kwamanzi, nezibilini zayo zidonswe ngomlomo wayo, yindoda enesandla esikhulu uyakhama inhlanzi, *kanje*, futhi yayithatha futhi yayiklunyula. Futhi wawuyayizwa ihlephuka, lapho ehlephula izibilini enhlanzini. Waphonsa umfo omncane emanzini. Waqhaqhazela kane noma kahlanu, wayesekhahlela, futhi kwaba yikho-ke. Ukubona lowomfo omncane, emzuzwini nje wokukhuluma lelozwi, [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe kanye—Umhl.] ezishwiba ebuyela esimweni, ephila nje njengoba wayekade enjalo, futhi wabhukuda wehla edabula kulawomanzi, ngamandla nje ayengahamba ngawo, ebuyela emuva ukuhlangana nezinhlanzi zakubo.

158 Yena unguNkulunkulu. Wayazi ukuthi inhlanzi yayilapho. Ngokufanayo nje njengoba Wayazi ukuthi ethile yayinohlamvu lwemali emlonyeni wayo. Ngokufanayo nje njengoba Wayazi

uma wayephonse. . . Uma labo bantu, bathi. . . KuMarku oNgcwele esahluko se 5, Kwathi uJesu waboleka isikebhe sikaPetru lapho wase ephuma eyodoba. Manje, Wathi, "Yehliselani ekujuleni." Kwathi lapho sebedobile, lapho . . . Baze bazi ukuthi babedobe ubusuku bonke futhi bangabamba lutho. Njengoba sasenzile into efanayo, kodwa sangabambanga lutho. Kodwa, uNkulunkulu wayefuna ukubona uma babelithathile iZwi laKhe, ngakho-ke Wathi, "Yehlisani inetha ekujuleni." Uma kwakungekho nhlanzi lapho, ukuthatha uNkulunkulu eZwini laKhe bekuyobeka ezinye lapho. Yilokho kuphela okwakukhona kukho.

159 Manje-ke, lowoNkulunkulu ofanayo, esimilweni saKhe esifanayo esasikhona ekuqaleni, unguNkulunkulu ofanayo ngesimilo esifanayo namhlanje. UngowokuQala, owokuGcina. Unguye izolo, namuhla, naphakade. UsenguNkulunkulu.

160 Ngakho-ke, nina enikhona lapha kulokhukusa, futhi wakukhulekela, ake ngikutshele okuthize. Ukubona lobu bufakazi, futhi uNkulunkulu ungufakazi noma ngabe ziyiqiniso noma qhabo, kunjalo, wena ufuna izinto ezinkulu. Wena uzama ukubheka enye into enkulu ethile okukhulu lapha, lapho kuseduze kwakho ngqo. Kunjalo. Yena kanye uNkulunkulu ofaka indlala emphefumulweni wakho, ukuba uze ukhulekelwe, nguNkulunkulu ofanayo owanikeza ukuphila kuleyo nhlanzi; yena kanye uNkulunkulu ofanayo owamisa inkunzi ensimini; yena kanye uNkulunkulu ofanayo owalalisa lolo hlanya lapho ebukhoneni bami; uNkulunkulu ofanayo owakhipha uDaniyeli emphandwini wezingonyama; nguNkulunkulu ofanayo owathi, "Phonsani amanetha enu kolunye uhlangothi, futhi niwafake ekujuleni." Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

161 Imisebenzi yakhe ayinakwehluleka. Isimilo sakhe asinakwehluleka. Nemisebenzi yaKhe imemezela isimilo saKhe, ngakho-ke Uvukile namuhla futhi Ulapha phakathi kwethu, onguye izolo, namuhla, naphakade. Futhi singofakazi besimilo saKhe.

162 Isimilo sakhe singishintshile. Lapho kufika kimi, ngake ngaba yisoni; futhi manje ngisindisiwe. Ngake ngalahleka; manje sengifunyenwe. Ngake ngathanda izinto zezwe; Ngiyakuzonda manje. Ngake ngangaba nandaba noNkulunkulu; NgiyaMthanda manje. Kukhona okwenzekile kimi. Kukhona okwenzekile kuwe. Kuyini na? Umsebenzi kaNkulunkulu umemezela isimilo saKhe.

163 Uyasithanda. Ukhathalele inhlalakahle yakho. Ukhathalele ukuphulukiswa kwakho. Ukhathalele umphefumulo wakho. Ngeke yini uMvumele abe nendlela yaKhe empilweni yakho na? UngaMngabazi ngalutho. Wena hamba, uMkholwa, futhi uNkulunkulu uyokunika isifiso inhliziyo yakho, ngokuba kuyintando yaKhe enhle ukukwenza. Ulangazelela ukukwenza.

Kodwa, into yakho ingukuthi, sixakaniseka ngakho konke. Thula uthi du!

164 Kubuke, uthi, "Nkulunkulu, lokho kusho mina. Noma ngabe ngubani ongikhulekelayayo, okungikhulekelayo." Akuthathi u-Oral Roberts, uBilly Graham, noma uWilliam Branham, noma u-A. A. Allen. Kuthatha uNkulunkulu. Kunjalo. Kuthatha ukukholwa kwakho, kugxiliswe okwehange ngaleya kuNkulunkulu.

165 Yithi, "Nkulunkulu, KuyiQiniso, futhi ngimi lapho ngedwa." Futhi makuthi—makuthi kuhlale phakathi *lapha*, kuze kuqathakele phansi kungene *lapha*, kusukela ekhanda lakho kuye enhliziyweni yakho, kube . . . futhi kube ngokoqobo, khona-ke kuzosebenza. Kungasebenza kuphela uma kuza enhliziyweni.

166 INkosi inibusise manje, sisakhothamisa amakhanda ethu. Beka isifiso sakho enhliziyweni yakho. Sibeke phambi kukaNkulunkulu, khona manje, (Nizokwenza na?) sisakhuleka. Uma kungokwensindiso, uma kungokwe . . . Noma ngabe kungokwani, kubeke phambi kukaNkulunkulu khona manje lapho sikhuleka.

Ukholo lwami lubuka phezulu kuWe,
Wena Wundlu laseKalvari,
Msindisi waPhezulu;
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa lonke icala lami,
O makuthi mina kusukela namuhla
Ngibe ngowaKho wonke!

Lapho nginyathela endleleni edidayo
emnyama yempilo, (Thulani manje.)
Nezinsizi zanda macala onke kimi,
Yiba Wena nguMholi wami;
Yala ubumnyama busuke namuhla,
Sula konke ukwesaba kwami,
Ungangivumeli nanini ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

167 [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha elithi *Ukholo Lwami Kubheka Phezulu KuWe*—Umhl.]

168 Nkosi ebusisiweyo, singasho njengalabo ababemi entabeni ngalolosuku, basebethi, "Kuhle ukuba sibe lapha. Futhi besingakha amatabernakele amathathu, sibeke abelusi ngalinye." Kodwa iPhimbo laphenduka masinyane lase lithi, "Yizweni. UyiNdodana yaMi." Manje ake sifulathele abelusi, kuMose no-Eliya, nasemadodeni amakhulu omhlaba, nakuba sibabonga bonke. Kodwa, Wathi kithi ukuba siYizwe.

169 NeZwi laYo lasho lokhu, (hhayi izwi lomelusi, noma elomvangeli), "Noma yini eniyifisayo, lapho nikhuleka, kholwani ukuthi niyakwemukela, nizakuba nakho. Uma beningathi kulentaba, 'Nqukuleka, uphonseke elwandle,' futhi

ningangabazi enhliziyweni yenu, kodwa nikholwe ukuthi lokho enikushoyo kuyakwenzeka, niyakuba nakho enikushoyo." Bekungeke kube ngokubalulekile okwesikhashana, kanjalo kwakungekhona okwesikhashana ku-Abrahama noSara.

170 Kodwa Wena wathi, "Uma ukholwa ukuthi okushoyo kuyokwenzeka, uyakuba nakho okushoyo." Manje, Baba, nawu umkhuleko wethu. Sithathe khona manje. Thatha izinhliziyo zethu uzifake esandleni saKho futhi uzipitshize ziqine ngempela ngothando, ukusunduza konke ukwesaba nokungakholwa kuzo, uzenze zibe amagobongo futhi zingabi nalutho. Bese-ke uzigcwalise masinyane ngoMoya waKho, lapho itiyela nekolitayi kwangena emkhunjini, ukugcina ukwesaba nokungabaza kungaphinde kungene ezinhliziyweni zethu futhi. Futhi usenze sibe yizisebenzi zaKho, ukuze Umemezele isimilo saKho, ezweni, ngathi, njengezincwadi ezilotshiwe ezifundwa ngabantu bonke.

171 Kwangathi wonke owaye. . . ogcotshiwe, yilokho Othe kwenze, kwangathi bangaphulukiswa, namhlanje. Kusukela kuwo wonke umuntu, kusukela ezinhlungwini zamazinyo okuvamile, kuye koyimpumputhe, ohluphekile, kumbe noma kungaba yini, kwangathi lokho kukholwa kungagxilisa okwehange manje kuleyonhliziyo eyayinovalo futhi ingabaza ngenkathi ingena.

172 Futhi, O Nkulunkulu, ngihlala ngikhumbula . . . Mina uqobo, thina madoda amathathu; njengoba uPetru, uJakobe noJohane bema eNtabeni yokuGuqulwa isimo futhi babona Okwenzile lapho. Asisoze sayikhohlwa leyonsonge encanyana ezansi ngaleya e-Fanny Creek, inqobo nje uma sinokukhumbula nezinkumbulo. Kungahle kungasho utho olungako ezweni, kodwa lapho sibone amandla onke kaNkulunkulu, okhona kuyo konke indawo kaNkulunkulu ophilayo ehla futhi ukuba abe nozwelo, olwanele phezu kwesintu, ukukhombisa aMandla aKho, ngokuletha inhlanzi encane eyayifile phezu kwamanzi, ibuyele ekuphileni futhi, lokho kuhamba kuthi ngqu ngaleya phezulu komnqikazi noma ongakholwayo. Kodwa, yeka ukuthi kubhalisa kanjani enhliziyweni yomKristu!

173 Siyazi ukuthi Wena unguNkulunkulu. UnguNkulunkulu ofanayo lapha kuleligumbi kulokhukusa. Ubakhathalela kangakanani abantu abakuleli gumbi, ngabesilisa nabesifazane, njengoba Wenza inhlanzi encane! Yayisho ukuthini leyo nhlanzi encane kuWe na? Lutho; imemezela umsebenzi waKho nje. Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzomemezela imisebenzi yaKho kuwo wonke owesilisa nowesifazane, umfana nentombazane, phakathi lapha namhlanje.

174 Uma kukhona abanye lapha, Nkosi, abangakwaziyo Wena, njengoMsindisi wabo, abangakabi nesehlakalo sakho, futhi bangafuna ukuthulula izinhliziyo zabo, namuhla, kuzo zonke

izinto nemfucumfucu yezwe, ukuze Wena ungagcwalisa inhliziyo yabo ngothando, njengoba uNowa enza umkhumbi ngekotilayi, ngikhulekela ukuthi Uzoba nabo, kulemizuzu ehambayo manje esele ohlelweni. Siphe khona, Baba, ngeGama likaJesu.

Futhi ngenkathi amakhanda ethu esakhotheme:

> Makuthi umusa waKho ocebile udlulise
> Amandla enhliziyweni yami equlekayo
> Ukulangazelela kwami kuvuke!

175 Manje uma ufuna Kristu, ngenkathi besacula, ufuna ukuthulula inhliziyo yakho, kulokhukusa, futhi uNkulunkulu ukuba akuthathe nje wena unjalo lapho, ungasiphakamisa isandla sakho kuYe. Uthi, "Ngikhumbule." UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Nawe, mnumzane. Wena, dadewethu. Wena, mfowethu. Wena. Omunye othile, ngaleya ngakwesokudla sami? Phakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Omunye othile akathi, "Ngifuna ukuthulula inhliziyo yami." UNkulunkulu akubusise, dade, emuva lapho.

> Makuthi mina kusukela namhlanje
> Ngibe ngowaKho wonke!

176 Omunye othile ofuna ukuphakamisa isandla sabo manje, ngaphambi nje komkhuleko na?

177 Baba Nkulunkulu, Usibonile sonke isandla. Isikhombisa, isishiyagalombili, izandla eziyishumi ziphakamile. Manje sebethulula konke ukwesaba nokungakholwa kwabo. Manje sebebiza Wena njengaLowo owanele konke, njengeSithandwa sabo, njengoMsindisi wabo, njengoMphulukisi wabo. Konke ukungabaza nokwesaba, bafisa ukuba kususwe kubo. Ngikhulekela ukuthi Uzosipha khona, Nkosi, ngomusa waKho omkhulu. Makwenzeke namuhla nje.

178 Ungakhuluma ukuPhila enhlanzini; ukhulume ukuPhila kumfana omncane ofile; ukhulume ukuphila kuElij' Perry elele lapho, efile, nezandla zakhe ziphambanisiwe; ukhuluma ukuphila kwencane, ingane efile ngaleya eMexico; wakhuluma ukuphila ngaleya kuLazaru, ngemva kokuba esefile izinsuku ezine. Singakwazi kangakanani-ke ukuthatha ukuma kwethu, namhlanje, eDwaleni leZwi laKhe laPhakade, futhi sibuke ngale kwalelithunzi lokungabaza, kuYe owathi, "Ngingukuvuka nokuPhila." Kwangathi ukukholwa kungathatha indawo yakho yokuphumula manje phezu kwaKhe, leloDwala eliqinile, uKristu. Futhi kwangathi bangemukela yonke into abayicelile. Yizwa imikhuleko yethu lapho sisakhuleka eGameni likaKristu. Amen.

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
> Ngoba Wangithanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.

179 Manje sisacula futhi, xhawulanani noseduze nawe. Hlalani nje ninganyakazi manje, si. . .Inkonzo ayikapheli okwamanje, niyabo.

Ng'yaMthanda, . . .

180 [UMfowethu Branham ushiya imayikrofoni futhi ukhuluma nothile—Umhl.]

Ng'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

181 Uzizwa ulahliwe na? Uzizwa ungcono manje na? Uzizwa njengeZwi. . .Li—Li—Li—LiyiGazi elihlanzayo leNkosi uJesu, eliya ngqo enhliziyweni, lisihlanza kuso sonke isono nobubi.

Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

Manje, Mfowethu Neville.

